AS2002-1-12-2

**UMYALEZO KAKHISIMUZI NOWONYAKA OMUSHA**
**WOMNTWANA UMANGOSUTHU BUTHELEZI**
**INKOSI YAKWABUTHELEZI, USIHLALO WENDLU YABAHOLI BOMDABU (KWAZULU NATALI)**
**NONDUNANKULU KAZULU**
**24 December 2002**

---

Ngibonga ithuba engilinikwa nguMsakazo ukuba ngidlulise izifiso ezinhle zikaKhisimuzi nezonyaka Omusha.

Njengoba unyaka usuphetheka nangalesisikhathi esikhulu sokuzalwa kweNkosi yethu uJesu, ngifisela bonke abalaleli bomsakazo okuhle kodwa ngaloKhisimuzi nonyaka omusha bangene kahle kuwo ngendlela ebusisekileyo evela ngaphezulu kumdali wethu.

Siyazi ukuthi kuningi okuhlukumeze thina ngabanye, nanjengemindeni, nanjengeSizwe saKwaZulu, nanjengeSizwe saseNingizimu neAfrika enyakeni ophethekayo njengamanje. Emanxebeni esibenawo anhlobonhlobo axube ukugulelwa nokufelwa ngesibathandayo, nokuswela nobubha obusakhungethe iSizwe sakithi, sicela uSimakade awathobe. Sicela ukuba enyakeni oqalayo siphephe kangcono emanxebeni asiphathe ngalonyaka anhlobonhlobo njengoba sengiwachazile.

Ngifisela iSilo SamaBandla, iNdlunkulu naMakhosi ngalamazwi. Ngifisela abaholi beSizwe kusukela kuMengameli weZwe neziGungu zonke zikaHulumeni, kuze kufike kuMaphalamende onke namaKhansela koHulumeni bawoMasipala.

Sengathi uSomandla angasipha ukubekezelelana okungcono kunalokhu esikuzame yonke leminyaka selokhu kwaqala uHulumeni wentando yeningi. Nxa sehluleka ukuqhubeka nokubekezelelana lokho kuyosho ukuthi nathi kulelizwe singahle sibesengozini yokubambana ngezihluthu esesizame kangaka kuyoyonke leminyaka ukuphuma kukho njengoba sibona kwenzeka emazweni amaningi laph'eAfrika. Asifisi neze ukuhamba leyondlela. Siyababona abazama ukusiholela kuyo.

Yilowo umthandazo wami ngaloKhisimuzi nanjengoba-nje sizoqala unyaka omusha ka 2003. Ngazi kahle nxa kungenzeki lokhu engikucelayo ngalomthandazo wami lelizwe lisazokwedlula osizini olwesabekayo nangaphezulu kwalolusizi iningi laBantu bakithi abasabhajwe kulo namanje.

Ngigcine ngokucela ukuba uSomandla asinike amandla okubhekana nesifo sengculaza esesiqede amakhaba eSizwe nsukuzaphuma. Sicela ikhambi kuSomandla. Sonke sinenselelo njengeSizwe ukuba siphathe kahle labo abahlaselwe yilolubhubhane nokubambisana njengeSizwe ukuba sibhekane nalo.

..............................ooOOoo..............................